# Hillcrest High School

**IsiZulu Ulimi lokuqala lokwengeza**

**Ukuhlolwa kukaJuni 2022**

**Ibanga lesishiyagalunye (Grade 9)**

**Iphepha lesibili (PAPER II)**

**Isikhathi: 2 amahora**

**Umklomelo: 70**

**Leli phepha linamakhasi ayi-8**

**Imiyalelo nolwazi**

- **Leli phepha lineziqephu EZINTATHU.**
- **Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.**
- **Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.**
- **Phendula imibuzo ngolimi ohlolwa ngalo.**
- **Landela imiyalelo umbuzo ngamunye.**

ISIQEPHU A

UMBUZO 1

1.1 Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela ngemisho EPHELELE.

**Umbhalo ofundwayo**

UHugh Masikela Uliqhawe

Yize esalala kobandayo uHugh Rampolo Masekela kodwa inkulu indima ayidlala ezweni lethu laseNingizimu Afrika. Kwabaningi uHugh uliqhawe. UHugh wazalwa mhla zi-4 Ku-Ephreli 1939. Usishiye emhlabeni mhla zingama-23 kuMasingana 2018. Akekho owayazi ukuthi umculo ungamenza azungeze amazwe ikakhulukazi ngezikhathi zobandlululo.

UHugh wazalelwa kwaGuqu Township eWitbank. Esakhula wayethanda ukucula kanye nokudlala upiyano. Isikhathi esiningi wayehlala nogogo wakhe yize abazali bakhe uThomas Selena Masekela kanye noPauline Bowers Masekela babekhona kodwa babesebenza isikhathi esiningi.
Ngesikhathi uMasekela eseneminyaka eyishumi nane, yilapho aqala ukudlala icilongo ayeliphiwe nguAronbishop Trevor Huddleston eSt Peters Secondary School. UHuddleston wacela umdlali weNative Brass Brand uMnumzane Jaude ukuthi afundise uMasekela ukudlala icilongo. UMasekela **washeshe wabamba** ukuthi lidlalwa kanjani icilongo.

UMasekela wakhula ngezikhathi zobandlululo eNingizimu Afrika. Kusukela emculweni wakhe wawukhuluma kakhulu ngezinkinga izwe elalibhekene nazo ngesikhathi sobandlululo. Wayezimisele ngokushintsha isimo sepolitiki esebenzisa umculo wakhe. Emculweni wakhe wayezwakalisa ulaka lwakhe ngendlela abantu abansundu babephethwe ngayo abamhlophe. Wayephinde acule ngobuhle beNingizimu Afrika.

Ngo 1960 uHugh wayifulathela iNingizimu Afrika waya eLandani eyofunda. Kwadala ukuthi alifulathele leli yindlela abantu abansundu ababephethwe ngayo. Imithetho yokuphatha abansundu yayikhombisa ukubabandlulula bengafani nezinye izizwe. ELandani wafunda isikhashana wabe esedlulela eMelika eyoqhuba izifundo zomculo edolobheni iManhattan eNew York.



Wagxila kakhulu emculweni we-Classical Trumpet Studies. Waganwa uMiriam Makeba owayengumculi iminyaka emibili.

Izingoma zakhe zaduma kakhulu khona le eMelika ngonyaka we-1967. Wakhipha ingoma esihloko sithi, ‘ Up And Away’ kanye nesihloko sithi ‘Grazing In The Grass in 1968. Ngoyaka we-1987 wakhipha ingoma esihloko sithi , ‘Bring Him Back Home’ . Le ngoma yaduma kakhulu eNingizimu Afrika. Yagcina isiculwa iqembu labantu ababengabalandeli bakaDkt. N.R. Mandela befuna aphume ejele laseRobin Island. UMasikela wabuyela e-Afrika ezinze eBotswana nalapho ayenesikole esifundisa umculo onguMbhaqanga. Isikole asivula eBotswana esibizwa ngeBotswana International school of Music esisdaqhubeka namanje.

Ngo 1968 wakhethwa kuma-Grammy Awards, ohlwini lwe ‘Best Contemporary Pop Perfomance’ ngeculo lakhe elisihloko sithi, ‘Grazing In The Grass.’ Iqhaza lika Hugh liyabonakala njengoba eseke wahlonishwa ngeziqu zobudokotela iRhodes University ngonyaka we-2015. UHugh akakufihli ubunzima abhekana nabo empilweni. Ungomunye wabaculi oseke wabhekana nenkinga yophuzo oludakayo kodwa wakwazi ukuvuka azithathe aqhubeke nomsebenzi wakhe wokujabulisa abantu. Baningi abaculi ababhekana nalezi zingqinamba.

1.1.1 Ubani igama lo mculi okukhulunywa ngaye lapha? (1)

1.1.2 Obani amagama Abazali bakaHugh? (2)

1.1.3 Yisiphi isizathu esenza ukuba uHugh akhuliswe ugogo? (2)

1.1.4 Ubandlululo eNingizimu Afrika laphela ngamuphi unyaka? (1)

1.1.5 Wayeganwe ngubani uHugh Masekela? (2)

1.1.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo. Isimo sokukhuluma esithi **washesha ukubamba** sichaza:

A Wayezibambela yena icilongo.

B. Wayefika ngesikhathi

C. Washesha ukufunda.

D. Wephuza ukulifunda. (2)

1.1.7 Iyiphi ingoma kaHugh eyayikhuluma ngokubuya kukaMandela? (2)

1.1.8 Ngokucabanga kwakho yikuphi okubalulekile phakathi komyalezo weculo nesigqi? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.9 Umculo kaHugh wawukhuluma ngani? Chaza ngephuzu ELILODWA? (2)

1.1.10 UHugh washona eseneminyaka emingaki? (2)

1.2 Bukisisa isithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.







[Zicashunwe ku-www.googlesports.com]

1.2.1 Bhala imidlalo EMIBILI evezwe kulezi zithombe ezingenhla? (2)

1.2.2 Yisiphi isithombe esinabantu abajabulile? Sekela impendulo yakho? (2)

1.2.3 Yikuphi okusesithombeni -1 okukhombisa ukuthi lesi sithombe sathathwa ngesikhathi senkululeko? (2)

1.2.4 Yibuphi ubuhle obulethwa ezemidlalo? Impendulo yakho mayihambisane nokusesithombeni? (2)

[25]

**ISIQEPHU B**

**UMBUZO 2**

**Ukufingqa**

2. Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7 ngongakwenza emva kokuhlolwa.

IMIYALELO:

1. Bhala amaphuzu ayi-7ngemisho ephelele. Amagama akho abe phakathi kwangama-50 kuya kwangama-60.
2. Amaphuzu akho awabe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa kumusho ngamunye.
4. Sebenzisa amagama akho emishweni.
5. Ekugcineni kwamaphuzu onke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**Okungakwenza emva kokuhlolwa kukaJuni**

Yinkulu ingcindezi abafundi abazithola bekuyo ngesikhathi besalungiselela ukuhlolwa kwabo. Kwesinye isikhathi bagcina ngokudikibala bayeke ukufunda ngoba bebona kungangeni ezingqondweni zabo lokhu abakufundayo. Nangemuva kokuhlolwa kusuke kusekhona okuningi ongakwenza ukuzilungiselela.

Kubalulekile ukuthi umfundi aqhathanisa imiphumela yakhe nalokhu obuzibekele kona. Uma ubukade uhlele ukuphasa ngemaki elithile kwangenzeka kusuke kusho inkinga ethile. Ngesikhathi uthisha ebuyisela amaphepha enu ebenikade niwabhala kubalulekile ukuthi ubalisisa amamaki akho. Ubani owaziyo mhlawumbe ungagcina usucosha imaki lapha nalaphaya. Yize othisha bengongoti ekumakeni, amaphutha asengenzeka.

Uma uthisha eninika izimpendulo zalokhu ebenikade nikubhala, kubalulekile ukubhala izimpendulo ezilungile ozinikwa uthisha kuke mibuzo ongayitholanga. Lokhu kusiza wena ukuze uma usubuyekeza uzazi izimpendulo ezifanelekile.

Emva kokubhala lezo zimpendulo kubalulekile ukubhala phansi izingxenye zephepha owenze kahle noma kabi kuzona. Phela kusuke kusephakathi nonyaka kusengenzeka uphinde uhlangane nale mibuzo ekupheleni konyaka. Ungaluthuthukisa ulwazi lwakho lapho wenze kabi ngokuphendula amaphepha amadala kulezo zingxenye owenze kabi kuzo. Eminye imibuzo iyefana ukuthi nje kwehluke indlela okubuzwa ngayo. Uma lokhu kunzima uma ukwenza wedwa, ungasizakala ngokuthi uye ezifundweni ezengeziwe esikoleni noma ngaphandle kwesikole.

Ukuze ungaphindi iphutha owalenza ngaphambilini, kufanele uhlele kabusha isikhathi sakho usebenzisa ulwazi lwemiphumela yakho. Asikho isidingo sokwehlukanisa isikhathi ngenombolo yezifundo ozenzayo.

Kuningi umuntu angakufunda kulokhu angenzanga kahle kuko kunalokhu ukhalela ubisi oluchithekile. Masingakhutshwa itshe elilodwa.

[umbhalo wokuziqambela]

**ISIQEPHU C**

**UMBUZO 3**

3. Funda uphinde ubuke lesi sikhangiso esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.

**<u>Dlalanabo soccer festival</u>**

Phuthuma ubhalise iqembu lakho labadlali abalezi zigaba zeminyaka:

- Abangaphansi kweminyaka eyishumi nane.
- Abangaphansi kweminyaka eyishumi nesikhombisa.
  Bhalisa manje uzibeke ethubeni lokuwina isikhwama samabhola namabhola amahlanu.

Usuku: 26-27 Juni 2022

Indawo: Hillcrest High

Isikhathi: 7:00 -17:00

Bhalisela iqembu lakho ngo-R1500 abadlali abayi-14



Bhalisa ngokuthumelela uWhatsapp kule nombolo 065 231880

Zidedele zibulalane



Iqembu eliyophuma phambili liyoziwinela ijezi lebhola neR1000

Iqembu eliyophuma isibili liyoziwinela R500

<u>Imigomo nemibandela</u>
Abadlali kufanele baphathe izitifiketi zokuzalwa.
Iqembu kufanele libe namajezi amabili anemibala ehlukene.
Amaqembu ayishumi nesithupha okuqala ayothathwa.

Walala wasala!!

*[Umbhalo wokuziqambela]*

3.1 Ngowani lo mncintiswano okhangiswa lapha? (1)

3.2 Amaqembu abantu abaneminyaka emingaki abangangenela lo mncintiswano? (2)

3.3 Lo mncintiswano uzothatha izinsuku ezingaki? (1)

3.4 Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo: (2)

Isimo sokukhuluma esithi: **Walala wasala**

A. Ulele ubuthongo.

B. Waphuthelwa.

C. Wangishiya.

D. Wavuka ekuseni.

3.5 Iqembu eliyophuma isibili liyothola malini? (1)

3.6 Yini engawinwa iqembu uma libhalisile? (2)

3.7 Kungani amagama emigomo nemibandela ebhalwe ngamagama amncane? (2)

3.8 Ngokucabanga kwakho yiziphi ezinye izindleko EZIMBILI umnikazi weqembu angabhekana nazo uma engenela lomncintiswano? (2)

3.9 Mangaki amaqembu ayongenela lo mncintiswano uma esebhalise wonke? (2)

[15]

## UHLELO NOKUSETSHENZISWA KWEZAKHIWO ZOLIMI

### UMBUZO 4

4. Gcwalisa le ndatshana elandelayo ngezivumelwano senhloko ezifanele. Bhala inombolo nempendulo efanele.

   Omalume 4.1 ___sebenza eKapa. Umsebenzi wabo 4.2 __lukhuni ngoba basebenza amahora amaningi olwandle. Njalo ekuseni bagibela umkhumbi Umkhumbi 4.3__hamba kancane uma kunomoya. [3]

### UMBUZO 5

5. Gcwalisa le ndaba ngamabizo akulezi zigaba ozinikiwe. Khetha kulawa mabizo.

| |
|---|
| Isifo, Izingane, Umhlangano, Abantu, Ulwazi, |

Ungqongqoshe umeme 5.1 ___9 ukuba zize emhlanganweni wokuthuthukisa 5.2___11 ngezindlela zokuvikela 5.3 __7 somdlavuza. [3]

### UMBUZO 6

6. Guqula amabizo abhalwe ngokunzima abe isabizwana soqobo.

6.1 **Ugandaganda** usebenza emgwaqweni omkhulu.
6.2 **Abafana** abaningi balidlala kahle ibhola.
6.3 UMgqibelo **usuku** lokuphumula. [3]

**UMBUZO 7**

7. Nciphisa amagama abhalwe ngokunzima kule misho elandelayo. Bhala umusho wonke udwebele isinciphiso.

7.1 Izingane zidlala **ngamathoyizi** azo.
7.2 Umama ungiphakele **ukudla** okuncane.
7.3 Bangithi ngiyaphuza kanti sekusele **ikopi** likanemenayidi**.** [3]

**UMBUZO 8**

8. Gcwalisa lesi siqeshana esilandelayo ngokubhala izivumelwano zesichasiso ezifanele.

Bhala isiqephu sonke udwebele igama olilungisile.

Izikole 8.1–**ningi** zifundisa izingane ngesiZulu. Lokhu kudala izinkinga 8.2–**khulu** uma sekubhalwa ukuhlolwa 8.3–**khe**. Izifundo 8.4–**mbalwa** ezihlolwa ngesiZulu. Umuntu 8.5 -**mnyama** kuphela obhekana nalezi zinkinga ezikoleni.

[5]

**UMBUZO 9**

9. Bhala igama eliphikisa leli elibhalwe ngokugqamile lapha. Khetha emagameni angenzansi.

| |
|---|
| Inkomazi, inono, isikhukhukazi |

9.1 Ngizwe sekukhala **iqhude** ukuthi sekusile.
9.2 **Inkunzi** yakithi izehlula zonke izinkomo zomakhelwane.
9.3 Lo mfana **uyinuku** uhlale engcolile. [3]

**UMBUZO 10**

10. Qondanisa izimo zokukhuluma nezincazelo ozinikiwe. Bhala inombolo nophawu kuphela.

| IKHOLOMU A | | IKHOLOMU B |
|---|---|---|
| 10.1 | Ukushaya utshani | A Ukukhohlisa |
| 10.2 | Ukubamba udonga. | B Ukubaleka |
| 10.3 | Ukufaka isandla | C Ukugula kakhulu. |
| | | D Ukwelekelela |

[3]

11. Funda le misho elandelayo bese usebenzisa igama elibhalwe ngokunzima ukuveza omunye umqondo

11.1 **Isonto** lasekhaya libizwa ngeHiltop Apostolic.
11.2 UJuni **inyanga** enzizalwa ngayo [2]

[20]

**ISAMBA: 70**